



## Nikela ngesipho sezincwadi

Lapho ngokulandelayo kudingeka uphe ingane isipho, kungani ungayiphi incwadi? Lapho unikela ngencwadi ibe yisipho, ulungiselela ikusasa lengane! Izincwadi ezikahle zihlala isikhathi eside futhi zingase zijatshulelwe ngokuphindaphindiwe ngabantu abahlukahlukeni emndenini owodwa noma ekhaya.

Izincwadi zezingane zingatholakala ezitolo zezincwadi, emasuphamakethe, ezitolo zamasekeni, ezimakethe zendali (flea markets) kanye nasezitolo eziku-inthanethi. Izinhlangano ezinjengeBook Dash, Wordworks neFunDza zinezincwadi ongazifunda efonini yakho noma ekhompuyutheni noma ongazidawuniloda futhi uziphrinte.



## Give the gift of books

When you next need to give a gift to a child, why not make it a book? When you give a book as a gift, you invest in the future of a child! Good books last for a long time and can be enjoyed over and over again by different people in the same family or home.

Books for children can be found at book and stationery stores, supermarkets, second-hand goods stores, flea markets and in online stores. Organisations such as Book Dash, Wordworks and FunDza have books that you can read on your phone or computer or download and print.

### Ngingayikhettha kanjani incwadi ekahle?

- ★ Khettha noma iyiphi incwadi edonsa amehlo akho futhi ezoyenza ijabule ingane. Uma kuyincwadi enezithombe, funda yonke indaba. Uma kuyincwadi ethe ukuba yinde, khona-ke funda isiqalo, ikhasi elilodwa noma amabili maphakathi nendawo kanye nesiphetho. Bese ucabanga ngalezi zinto:
- ★ Uma kuyincwadi enezithombe, ingabe ingane izothanda ukuzibuka ngokuphindaphindiwe?
- ★ Ingabe imifanekiso inemininingwane ejabulisayo esiza ekulandiseni indaba?
- ★ Uma kuyincwadi enika ulwazi, ingabe amagama nezinhlangothi kubonakala kuyinto evamile nejabulisayo?
- ★ Ingabe incwadi isebenzisa amagama ngezindlela ezenza ufune ukufunda ngokuqhubekayo? Ngokwesibonelo, incwadi enezithombe ingase isebenzise umlolozelo noma incwadi enamagama ngokuyinhloko ingase isebenzise indlela yokubhala efanelana nomnyakazo osendabeni.
- ★ Ingabe inesiphetho esanelisayo?

### How do I choose a good book?

- ★ Choose any book that catches your eye and will interest the child. If it is a picture book, read the whole story. If it is a longer book, then read the beginning, a page or two in the middle and the ending. Then, think about these things:
- ★ If it is a picture book, would a child want to look at it again and again?
- ★ Do the illustrations have interesting details that help to tell the story?
- ★ If it is an information book, do the words and pictures seem relevant and interesting?
- ★ Does the book use words in ways that make you want to read on? For example, a picture book could use rhyme or a book with mainly words could use a writing style that suits the action in the story.
- ★ Does it have a satisfying ending?

### Nginganikela nini ngencwadi ibe yisipho?

- ★ Yamukela abantwana abasanda kuzalwa ngezincwadi ukuze abazali babo babafunde zona.
- ★ Incwadi ingasiza ingane ilungiselele noma ibhekane nezenzakalo ezintsha, njengokuqala esikoleni noma ukwamukela umntwana osanda kuzalwa ekhaya.
- ★ Izincwadi ziba yizipho ezinhle kakhulu zosuku lokuzalwa noma zamaholide.
- ★ Nikeza ingane yakho incwadi ukuze uyibonge ngokwenza into ethile kahle ekhaya, lapho inabangane noma esikoleni.
- ★ Noma nini kuyisikhathi esikahle sokunikela ngencwadi ibe yisipho!

### When can I give a book as a gift?

- ★ Welcome new babies with books so that their parents can read to them.
- ★ A book can help a child prepare for or deal with new experiences, like starting school or welcoming a new baby into the home.
- ★ Books make great birthday or holiday presents.
- ★ Give a book to thank your child for doing something well at home, with friends or at school.
- ★ Any time is a good time for giving a book as a gift!

Ngokunikeza ingane incwadi, ungokhela uthando lokufunda olungahlala ukuphila konke!

By giving a child a book, you can spark a love of reading that can last a lifetime!

Sizothatha ikhefu kuze kufike isonto lomhla zingama-27 kuMasingana kowezi-2023. Hlanganyela nathi ngaleso sikhathi ukuze uthole umlingo wokufunda owengeziwe kaNal'ibali!

We will be taking a break until the week of 27 January 2023. Join us then for more Nal'ibali reading magic!



Drive your  
imagination



IT STARTS WITH  
A STORY.  
KUQALA  
NGENDABA  
EXOXWAYO.





© Izingane zinelungelo lokuba negama.

© Children have the right to a name.



© Izingane zinelungelo lokuba nendawo ezizohlala kuyo.

© Children have the right to a place to live.



© Izingane akufanele zenziwe zisebenze ngaphambi kweminyaka ethile yobudala.

© Children should not be made to work before a certain age.



© Izingane akufanele zishaywe noma zixhashazwe.

© Children should not be beaten or abused.



© Izingane kufanele zinakekelwe lapho zigula.

© Children should be cared for when sick.

© Izingane eziphila nokukhubazeka zinelungelo lokuphathwa ngendlela ekhethekile nokuthola imfundo.

© Children with disabilities have the right to special treatment and education.



© Izingane zinelungelo lokuthola imfundo yamahhala.

© Children have the right to free education.



© Izingane akufanele ziboshwe futhi zigqunywe ejele.

© Children should not be arrested and put in jail.

© Izingane zinelungelo lokuthola ukudla okwanele kokukudla.

© Children have the right to enough food to eat.



**Kuwumthwalo wethu sisonke njengabazali, imindeni, imiphakathi nohulumeni ukuqinisekisa ukuthi zonke izingane zethu ziphephile futhi zivikelwe nokuthi zikhulela ezindaweni ezinemfudumalo, nothando.**

**It's our shared responsibility as parents, families, communities and government to ensure that all of our children are safe and protected and grow up in warm, loving environments.**

**Sithinte noma kungayiphi yalezi zindlela:**

**Contact us in any of these ways:**

[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)

[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)

[f nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://www.tiktok.com/@nalibaliSA)

[info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org)

**Nalibali**



# Imiqondo ejabulisayo yamaholide eyisi-8

Nazi ezinye zezinto zokugcina izingane zakho zijabulile phakathi namaholide esikole. Umqondo uwukuzijabulisa, ngakho sebenzisa ulimi (izilimi) wena nezingane zakho eniluthanda kakhulu.



## 8 fun holiday ideas

Here are some activities to keep your children entertained during the school holidays. The idea is to enjoy yourselves, so use the language(s) you and your children feel most comfortable with.

**1 Zama into entsha.** Zama ukufunda incwadi noma indaba ebhalwe umlobi ongakaze ufunde izincwadi zakhe ngaphambili. Ungathola izindaba zezingane ezinemifanekiso emihle, zamahhala ngolimi lwakho ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ngokuthumela igama elithi "stories" ngeWhatsApp ku-0600 44 22 54.

**1 Try something new.** Try reading a book or story written by an author whose books you've never read before. You can find free, beautifully illustrated children's stories in your language at [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org), or by WhatsApping "stories" to 0600 44 22 54.

**2 Yenza opopayi.** Yenza upopayi womunwe womlingiswa ngamunye omjabulele kwabasendabeni. Bese uphinda uyilandise indaba ususebenzisa opopayi beminwe. Lona ngumdlalo omnandi wokuba ogogo bawudlale nezingane ezincane.

**2 Make puppets.** Make a finger puppet for each of the characters in a story you enjoy. Then retell the story using the finger puppets. This is a great activity for gogos to do with smaller children.

**3 Yenzani amakhadi.** Chithani isikhathi ndawonye nenza amakhadi emikhonzo nenzela abantu abakhethekile ekuphileni kwenu. Ngokwesibonelo, yenzani ikhadi lokwamukela ugogo noma umkhulu ozovakasha ngamaholide esikole.



**3 Make cards.** Spend time together making greeting cards for the special people in your lives. For example, make a welcome card for a grandparent who is coming to visit over the school holidays.

**4 Nezela amagama athile.** Khetha incwadi yezithombe engenamagama ukanye nezingane zakho. Sebenzisani izithombe ukwakha izindaba eziningi ezihlukahlukene kangangokunokwenzeka!

**4 Add some words.** Choose a wordless picture book with your children. Use the pictures to make up as many different stories as they can!

**5 Funda indaba nomaphi.** Jabulela izindaba ngolimi lwakho lwasekhaya kuselula yakho ngokungena kuwebhusayithi yeNalibali: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma uthumele igama elithi "stories" ngeWhatsApp ku-0600 44 22 54.

**5 Read a story anywhere.** Enjoy stories in your home language on your cell phone by going to the Nalibali website, [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org), or by WhatsApping "stories" to 0600 44 22 54.



**6 Klamani ikhava.** Njengomndeni, klamani ikhava entsha yencwadi yezindaba izingane eziyithanda kakhulu ebonisa lokho ezikuqondayo nezikuthandayo ngendaba.



**6 Design a cover.** As a family, design a new book cover for their favourite storybook that shows what they understand and love about the story.

**7 Gcinani irekhodi lezinkumbulo.** Dwebani izithombe, shuthani izithombe, sikani nikhiphe amagama emaphephandabeni nakomagazini, bese ninezela awenu amagama ukuze nakhe iphosta ebizwa ngokuthi: *Isikhathi sethu sindawonye njengomndeni.*

**7 Record your memories.** Draw pictures, take photographs, cut out words from newspapers and magazines, and add your own words to create a poster called: *Our family time together.*



**8 Yenzani umdlalo.** Yenzani umdlalo ngendaba ejabulisayo enabalingiswa abathakazelisayo. Ukanye nezingane zakho, bhala phansi lokho okushiwo ngumlingiswa ngamunye bese uzivumela zikhethe ukuthi zifuna ukuba ubani! Sebenzisani izinto ezinjengeziqephu zamaphepha, indwangu, izigqoko, izicathulo noma izimpahla.



**8 Act it out.** Act out an exciting story with interesting characters. With your children, write down what each character says and let them choose who they want to be! Use props like pieces of paper, material, hats, shoes or clothes.

## Indlela yokusebenzisa izindaba zethu ngezindlela ezihlukahlukene

- 1. Xoxela ingane yakho indaba.** Funda futhi ulungiselele ukuxoxa indaba. Bese usebenzisa izwi lakho, ubuso nomzimba ukwenza indaba iphile.
- 2. Fundela ingane yakho indaba.** Xoxa ngemifanekiso. Buza, "Ucabanga ukuthi kwenzekani ngokulandelayo?" noma "Ucabanga ukuthi kungani umlingiswa esho noma enze lokho?"
- 3. Funda indaba nengane yakho.** Fundani indaba ndawonye ngokushintshana. Ungawalungisi amaphutha azo, futhi nikeza usizo kuphela uma zikucela.
- 4. Lalela ingane yakho ifunda.** Lalela ungaphazamisi. Yisho ukuthi uyakujabulela ukuzizwa zikufundela ngokuzwakalayo.
- 5. Dlalani imidlalo ethi Yenza indaba ihlabe umxhwele!** Lokhu kufanele kujabulise kuwe nasenganeni yakho.

## How to use our stories in different ways

- 1. Tell the story to your child.** Read and practise telling the story. Then use your voice, face and body to bring the story to life.
- 2. Read the story to your child.** Talk about the pictures. Ask, "What do you think happens next?" or "Why do you think the character said or did that?"
- 3. Read the story with your child.** Take turns to read the story together. Don't correct their mistakes, and only help if they ask for it.
- 4. Listen to your child read.** Listen without interrupting. Say that you enjoy hearing them read aloud to you.
- 5. Do the Get story active! activities.** This should be fun for you and your child.



Drive your imagination



# Ngokwabanakekeli bezingane ezincane

Kanti lona nguNolwazi, waseWordworks.  
Lona nguThandi, umnakekeli.

# For caregivers of young children

Meet Nolwazi, she's from Wordworks.  
Meet Thandi, a caregiver.



Izingane ezincane zifunda kulokho okwenzekayo endaweni ezikuyo – lapho zikuzwa ukhuluma, uxoxa izindaba, ucula nalapho udlala imidlalo.  
Young children learn from the world around them – from hearing you speak, tell stories, sing and play games.

Ngifuna ukusiza ingqondo yengane yami ukuba ikhule!  
I want to help my child's mind to grow!



Kulula kunalokho okucabangayo. Ake sibone ukuthi kungakanani ezingakufunda uma uwasha izimpahla!  
It's easier than you think. Let's see how much learning can happen while you wash your clothes!

1

## Xoxa nezingane zakho Talk with your children

Sanibona! Nisozela namanje? Hhaybo? Ninomdlandla! Kuhl kakhulu, ngoba bhekani nje yonke le washingi engcolile. Sizowasha izimpahla namuhla angithi?"

"Good morning! Are you still sleepy? No? You have lots of energy! Great, because look at all these dirty clothes. Shall we do laundry today?"



2

## Buza futhi uphendule imibuzo Ask and answer questions

"Sinjani isimo sezulu namuhla?" Yoh, kunomoya! Usuku olunomoya! Ingabe nicabanga ukuthi iwashingi izosheshe yome?" Yebo, izimpahla zethu zizoshesha ukoma kulo moya oshisayo, owomile."

"What's the weather like today? Ah, the wind is blowing! It's a windy day! Do you think the washing will dry quickly? Yes, our clothes will dry fast in this hot, dry wind."



4

## Xoxa izindaba Tell stories

"Ake nicabange nje ukube umoya ubumkhulu kakhulu kangokuba uphephule izimpahla zethu zisuke elayinini zindizele phezu zize ziyofika endlini kaGogo! Nicabanga ukuthi ubezozizwa kanjani ngalokho?"

"Imagine that the wind was so strong that it blew our clothes off the line and into the sky and all the way to Granny's house! How do you think she would feel about that?"



5

## Khuthaza ukuba kudlalwe ukulingisa Encourage role play

"Shaya sengathi uyizimpahla. Phenduphenduka njengoba uphephuka emoyeni! Manje-ke, usunguGogo! Ngibonise indlela azizwa ngayo lapho ebona izimpahla zethu zizohlala kwakhe zisuka phezu! Yebo, umangele!"

"Pretend you are the clothes. Twist and turn as you blow through the sky! Now, you can be Granny! Show me how she feels when she sees our clothes flying down from the sky! Yes, she is surprised!"



Dawuniloda i-Wordworks App yamahlala ku-Playstore ukuze uthole okwengeziwe!  
Download the free Wordworks App from the Play Store for so much more!

Building Literacy at home with


Wordworks



## Yandisa ilayibrari yakho.

Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
  - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
  - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
  - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



## Grow your own library.

Create **TWO** cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
  - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
  - b) Fold it in half again along the green dotted line.
  - c) Cut along the red dotted lines.



Drive your  
imagination



www.nalibali.org



www.nalibali.mobi



nalibaliSA



@nalibaliSA





UMiss Merlon uyamomotheka.  
Uyafana nalezi zingane, futhi  
uyazithanda lezi zingane.  
Uzowachitha eyedwa amaholide,  
efunda izincwadi, enye emva kwenye,  
ethola abangane emakhasini azo,  
akha nezinkumbulo ezimnandi.  
Abange umsindo uCarlo esukuma.  
“Magenge, uMiss ufuna ukusebenza.”  
Basho baphume, kuthule kuthi cwaka  
ukwendlula ngesikhathi bengakanengi.

This story is an adapted version of *Happy Festive, Ms Merlon!*, published by Cadbury in partnership with Nal'ibali as part of the Cadbury Dairy Milk #InOurOwnWords initiative. Each story is available in the eleven official South African languages. To find out more about the Cadbury Dairy Milk #InOurOwnWords initiative titles go to <https://cadbury.one/library.html>

Le ndaba isuselwe ngobuciko oshicilelweni lwendaba ethi *Amaholide Amnandi, Miss Merlon!* eshicilelwe ngabakwaCadbury ngokubambisana nabakwaNal'ibali njengohlelo lwe-Cadbury

Dairy Milk #InOurOwnWords. Indaba ngayinye iyatholakala ngezilimi eziyishumi nanye ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola kabanzi mayelana nezihloko zezincwadi zohlelo lwe-Cadbury Dairy Milk #InOurOwnWords yiya ku: <https://cadbury.one/library.html>

### Get story active!

- ★ Write a poem about the festive season.
- ★ Carefully read through the story again. Find the words and sentences that tell you something special about Shahieda, Carlo and Kyle.
- ★ Role play the following actions:
  - ☆ children sharing their sandwiches
  - ☆ teachers frowning in the sunshine
  - ☆ children ducking away from teachers

### Yenza indaba ihlabe umxhwele!

- ★ Bhala inkondlo ngenkathi kakhisimusi.
- ★ Phinde ufunde indaba ngokucophelela. Thola amagama nemisho ekutshela okuthile okukhethekile ngoShahieda, uCarlo noKyle.
- ★ Lingisa izenzo ezilandelayo:
  - ☆ izingane ezilambile ezinikezana isinkwa
  - ☆ othisha abaswacile ekukhanyeni kwelanga
  - ☆ izingane ezicashela othisha

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye iminingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).



Drive your  
imagination

Ms Merlon smiles. She is like these children, and she likes these children. Like them, she will spend the summer holiday alone, reading one book after another, finding friends and good memories between the pages. Carlo gets up noisily. “Come guys, Miss has work to do.” Then they are gone and the class feels emptier than it had been before they arrived.



## Happy festive, Ms Merlon!




## Amaholide Amnandi, Miss Merlon!

Sam Beckbessinger • Amy Slatem  
• Natalie Pierre-Eugene


**Ideas to talk about:** Ms Merlon lives alone. Who do you live with? How do you and your family celebrate the festive season?

**Imibono okungaxoxwa ngayo:** UNksz Merlon uhlala yedwa. Wena uhlala nobani? Wena nomndeni wakho niyijabulela kanjani inkathi kakhisimusi?






As the school year comes to an end, the summer festive season dials up. Exams are finished, so most of the children with internet stay home to play computer games, even though school is not officially closed. But the children of Grade 5E are mostly here. These are the naughty, noisy, laughing children who share their sandwiches hungrily, and who depend on each other for company.



Bayabubula bonke. “Yhoooo, Miss. Usuyaphela unyaka, izikole sezityavalewa mos,” kukhononda uShahieda. “Awuphumuli kanti wena?” Uzwakala sengathi uyadelela kodwa ubuso bakhe bunobungane, buyamomotheka. “Yah, ngiyaphumula,” kuphendula uMiss Merton ngomusa, “yingakho nginilethele izincwadi enizozifunda. Yindlela engcono kakhulu yokuphumuza ingqondo. Ukufunda kukwenza ukuthi uhambe uye kwenye indawo, endaweni ejabulisiyo, egcwele abantu abahlekayo, abangane nomndeneni.” “Ukuhleka kanye nomndeneni akuhambisani ngaso sonke isikhathi.” UCarlo lowo. Uhla kaniphile, kodwa umndeneni wakubo kubonakala sengathi awunandaba kangako nalokho. “Wenzani Miss amaholide?” UKyle akasebenzisi salokho angakusebenzisi uma ekhuluma.



It is the last day of school. Ms Merton is packing away her charts and posters when she hears excited noises drawing closer to her classroom. Then they are there, suddenly quiet and shy.





“Bengazi! Isikole siyinto engenamsebenzi! Akukho ludlo olumnandi oluke lwenzeke khona,” kububula uLindiwe.

UZama wabona ukuthi uNk Dlamini ukuzwile lokhu. Wabona amehlo kaNk Dlamini edangala.

Kusenjalo, uZama waba nesu elihlakaniphile. Waphakamisela isandla phezu ngokushesha, eyaluzisa iminwe yakhe. UNk Dlamini wathi, “Yebo, khuluma usheshe Zama! Kumele sihlanze lokhu kungcola.”

“Kodwa, ngiyacela bandle! Sisengakwenza lokhu,” kusho uZama. “Singasebenzisa lezi zinto ezilahlwe ezaleni elingezansi komgwago. Sicela usiyise khona. Singenza abalingiswa ngazo. Bazokwehluka bona, kodwa bazosebenza kahle njengamaphaphethi enhlama!”

Izingane zaba nesisasa. UTebogo weseka uZama. “Yebo – ihle isu likaZama. Singabheka nasekhaya izinto esingazisebenzisa.”

Ekuqaleni uNk Dlamini wabukeka enokungabaza ngalokhu, kodwa wathi uma ebona indlela izingane ezinesasasa ngayo, wathi, “Ake ngiyocela kuthishomkhulu.”

“I knew it! School’s always useless! Nothing interesting ever happens,” Lindiwe muttered.

Zama saw that Mrs Dlamini had heard this. She saw the sparkle leave Mrs Dlamini’s eyes.

Suddenly, Zama had a brilliant idea. She shot her hand into the air, waving her fingers. Mrs Dlamini said, “Yes, be quick, Zama! We must tidy this mess away.”

“But please! We can still do this,” said Zama. “We can use that stuff dumped in the field down the road. Please take us. We can make characters from that. They will be different, but they will work just as well as the mushy puppets!”

The children brightened. Tebogo supported Zama. “Yes – Zama’s idea is great. We can also look at home for things to use.”

At first Mrs Dlamini looked a little unsure, but when she saw how excited the children were, she said, “Let me just go check with the principal.”

**HEARTLINES**  
The Centre for Values Promotion



For more information, please email [info@heartlines.org.za](mailto:info@heartlines.org.za) or phone 011 771 2540.

Ukuze uthole eminye imininingwane sicela uthumele i-imeyili ku-[info@heartlines.org.za](mailto:info@heartlines.org.za) noma ushayeke ucingo ku-011 771 2540.

### Get story active!

- ★ Zama is really good at solving problems! Make a list of all the different problems she solved in the story.
- ★ Think of an interesting person you like. What would you use to make a puppet of that person? Draw the puppet that you would make.
- ★ Use waste materials to make different puppets and then make up stories about them.

### Yenza indaba ihlabe umxhwele!

- ★ UZama unekhono ngempela lokuxazulula izinkinga! Bhala uhlu lwazo zonke izinkinga ezihlukahlukene azizazululile endabeni.
- ★ Cabanga ngomuntu ojabulisayo omthandayo. Yini ongayisebenzisa ukwenza upopayi ofana nalowo muntu? Dweba upopayi onganwenza.
- ★ Sebenzisa izinto eziwudoti njengezingcezu zamaphepha ukwenza opopayi abahlukahlukene bese usebenzisa labo popayi ukwakha izindaba.

Nal’ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)



Drive your  
imagination

UNal’ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)

## Zama and the clean-enough-stuff



## UZama nezinto ezihlanzeke ngokwanele

Fiona Jackson • Diek Grobler

**Ideas to talk about:** Read the story title. What do you think clean-enough-stuff could be? Look at the picture on the cover. What do you think Zama is making?

**Imibono okungaxoxwa ngayo:** Funda isihloko sendaba. Ucabanga ukuthi kungaba yini izinto ezihlanzeke ngokwanele? Bheka isithombe esisekhaveni. Ucabanga ukuthi yini uZama ayenzayo?



“STOP THAT!” Something stung Zama’s neck. She swung round and saw Tebogo grinning at her. “Stop that!” she hissed.

But at least it was a distraction. School was so boring sometimes. Reading was great. Meeting school friends was fun. Swapping funny jokes and teasing boys was fantastic. But most lessons were boring.

Zama turned away from Tebogo to listen to Mrs Dlamini, who was saying, “... collect your papier-mâché. One tub per group. Go outside and make a puppet of an interesting person. Then each group must plan a show. Introduce your characters. Make them say and do things. Work out a short play. Okay, Zama, Lindiwe and Tebogo, you are Group 1. Come.”

Three weeks later, they held their show in front of all the Grade 6 classes, their teachers and the principal. Zama made Booth kick a soccer ball right through Mama Khulu’s window! Lindiwe made Mama Khulu chase him, shouting, all the way down the street. Tebogo had Nkosikazi Khuzwayo praising Booth’s “shooting” skills to the skies. Everyone laughed.

Mrs Dlamini walked to the front of the hall. With an enormous smile, she said, “You children are just wonderful! Zama, thanks so much for keeping our project fresh and for teaching us that wonderful opportunities can grow out of disasters!”

Emva kwamasonto amathathu, baba nombukiso wabo phambi kwawo wonke amaklasi eBanga lesi-6, othisha babo kanye nothishomkhulu. UZama wenza ukuthi uBooth akhahlele ibhola libhodloze ifasitela likaMama uKhulu! ULindiwe wenza ukuthi uMama uKhulu amjahe, emthethisa, ehla njalo ngomgwaqo. UTebogo wenza ukuthi uNkosikazi Khuzwayo abongele ikhono likaBooth lokukhahlela ibhola lishone esibhakabhakeni. Kwahleka wonke umuntu.

UNkk Dlamini wahamba waya phambi kwehholo. Ngokumamatheka okukhulu, wathi, “Niyizingane ezinhle ngempela! Zama, siyabonga ngokugcina kwakho iphrojekthi yethu iyintsha kanye nokusifundisa ngamathuba amahle angaphuma enhlekeleleni!”

Bacindezela. Bakhuhla. Bagingqa. Kodwa yayinganamatheli. Yayiwa isuka ocingweni, kancane, kudabukise. Bazama futhi. Baphinde bazama futhi.

“Angikwazi ukwenza lokhu. Akwenzeki. Wubuwula lobu. Ngikhathele yikho!” kugawavuma uTebogo. Wabhekisa iminwe yakhe phezu ngenxa yokudikibala. Fanye inhlama yandiza yase inamathela eshiveni likaZama. UZama wabuka uTebogo kabi.

“Ngisayobiza uNkk uDlamini,” kusho uLindiwe wase esuka egijima.

Wonke umuntu wayengakwazi ukusebenza ngenhlama yakhe. Umsindo okhombisa intukuthelo nokudikibala wagcwala emoyeni. UZama wabona uNkk Dlamini eza ngakubo. Wayebukeka edangele. Lapho kugala isifundo, uNkosikazi Dlamini ubenomdlandla. Manje wayesebukeka njengebhunde eliphelilewa umoya kancane, kancane. UZama wamadabukela uNkosikazi Dlamini. Wayemthanda lo thisha. Ngelikhathele kudingeka ukuthi uZama anakekele ubaba wakhe ogulayo, uNkk Dlamini wayemncenzele umusa. Wayethumela uZama umsebenzi ekhaya, futhi wayemkhuthaza nokuthi aqhubeke.


UNkk Dlamini washaya izandla zakhe ukuze ababize. “Ngiyaxolisa, bantwana. Angazi ukuthi kungani le nhlama ingasebenzi. Ngityaqala ukuyenza. Kuzomele ngibheke itresiphi. Kodwa-ke okwamanje, velani nichaze abantu benu ezincwadini zenu.” Izingane zagwawuma. Sezibuyela ezincwadi ezindala ezingahlabi umxhwele!

She came back smiling. The children cheered.

In the field they picked out clean-enough-stuff. They held bottles to the sunlight. They flapped bubble wrap like wings. They pulled out pieces of old sack, plastic and cloth. They jingled bottle caps. They tugged at pieces of string and old cables. They chatted and laughed as they imagined the waste changing into crowds of funny, strong, scary, wonderful characters.


Wabuya emamatheka. Izingane zachwaza ngenjabulo. Ezaleni bacosha izinto ezazihlanzeke ngokwanele. Baphakamisa amabhodlela elangeni. Bashaya i-bubble wrap njengamaphiko. Bakhipha izigqhu zamasaaka amadala, oplastiki kanye nendwangu. Bakhalisa izivalo zamabhodlela. Badonsa izinqamu zezintambo kanye namakheiyibuli amadala. Baxoxa base behleka lapho becabanga ngemfucuzo scyishintsha iba yizihlwile zabalingiswa abahlekisayo, abanamandla, abesabekayo, abahle.





Tebogo tried to work with the string and the stocking, but it drove him crazy! Then he saw a cooldrink bottle with a tennis ball next to it. The ball had a hole in it. He jammed the ball on top of the bottle for a head. Some bubble wrap made a cloak. He collected wire and took it home. His uncle helped him hammer holes in the middle of bottle tops which he then threaded onto the wire. He tied the bottle tops around the middle of the bottle. He unravelled string and glued it to the head, adding some small beads to the ends. Then he proudly presented imbongi Nkosikazi Khuzwayo!

UTebogo wazama ukusebenza ngentambo nesitokhini, kodwa kwavele kwamsanganisa. Wase ebona ibhodlela lesiphuzo esibandayo elinebhola lomphebezo eduze kwalo. Ibhola lalinembobo. Washiqela ibhola ebhodleleni ukuze enze ikhanda. Enye *i-bubble wrap* encane yenza isambatho. Wacosha izingcingo waya nazo ekhaya. Umalume wakhe wamsiza ukubhoboza izimbobo phakathi kwezivalo zamabhodlela abe esezishutheka ocingweni. Wabophela izivalo zamabhodlela phakathi nebhodlela. Waqaqa intambo wase eyinamathisela ekhanda, engeza ubuhlalu obuncane ekugcineni. Wase ethula ngokuziqhenya imbongi enguNkk Khuzwayo!



They pressed. They rubbed. They rolled. But it would not stick. It dripped off the wire, slowly, sadly. They tried again. And again.

“I can’t do this. It’s not working. This is so stupid. I’m sick of it!” Tebogo growled. He flicked his fingers in frustration. Some paste flew off his hand and stuck to Zama’s eyebrow. Zama flashed Tebogo an angry look. “I’m getting Mrs Dlamini!” Lindiwe said and ran off. Everyone was struggling with their paste. Sounds of anger and frustration filled the air. Zama saw Mrs Dlamini walking towards them. She looked sad. When the lesson started, Mrs Dlamini had been full of energy. Now she looked like a balloon with the air puffing slowly out of it. Zama felt bad for Mrs Dlamini. She liked this teacher. When Zama had had to nurse her sick father, Mrs Dlamini had been very kind to her. She had sent work home for Zama and had encouraged her to keep going.

Mrs Dlamini clapped her hands to call them. “I am sorry, children. I do not know why the paste isn’t working. Making it is new to me. I will have to check the recipe. But for now, just describe your people in your books.” The children groaned. Back to boring old books!


### “YEKA LE NTO OYENZAYO!”

Kukhona into eyatinyela umqala kaZama. Waphenduka wase ebona uTebogo emsinekela. “Yeka le nto oyenzayo!” kusho yena ngokufutheka.

Okungenani kwakuyinto yokumphazamisa. Kwakuphinde kube nesithukuthezi esikoleni ngesinye isikhathi. Kwakumnandi ukufunda. Ukuhlangana nabangani basesikoleni kwakumnandi. Ukwabelana ngamahlaya ahlekisayo kanye nokugcona abafana kwakumnandi kakhulu. Kodwa izifundo eziningi zazingavusi mdladla.

UZama waphenduka ekubukeni uTebogo ukuze alalele uNkk Dlamini, owayethi, “... thathani i-*papier-mâché* yenu. Indishi eyodwa eqenjini ngalinye. Niye ngaphandle bese nenza iphaphethi yomuntu ogqame ngokuthile. Bese iqembu ngalinye lihlela umbukiso. Yethulani abalingiswa benu. Benzeni basho babuye benze izinto. Lungisani umdlalo weshashalazi omfushane. Kulungile, Zama, Lindiwe noTebogo, Niyiqembu loku-1. Wozani.”





They dipped their hands into their tub and scooped up the paste. It felt sticky and messy! They put it onto the wire.

“Mama Khulu! She is soooo big! And soooo strong. When any of the guys gets cheeky with her at her place, she shouts at them loudly. Then they shut up. They know! Give her trouble and she will whip out her sjambok and chase you away! I will make her with her hands on her hips, like this.”

“Who are you making?” Zama asked Lindiwe.

They all hurried outside and were keen to start. They bent bits of chicken wire to make skeletons.

“It is papier-mâché,” Mrs Dlamini said. “To make it, you mash up egg boxes, water, salt and flour. Now go outside and shape the chicken wire into your character. Then paste this goo around the chicken wire to bring your character to life.”

“What’s this?” Tebogo asked.

They went up to the bucket, where Mrs Dlamini was smiling warmly as she plopped a spoonful of lumpy goo into their tub.

Zama laughed. “He’s not that kind of killer! He is a Bafana Bafana defender,”

said Lindiwe. “Who is Booth? I don’t want to make up a murder story!”

Zama took Lindiwe’s hand. “Come, quickly. Isn’t this good? I am going to make Booth. My uncle says he’s a killer. He’s done amazing things.”

Uzama wabamba isandla sikal’indiwe, “Woza, ngokushesha. Ngabce akukuhle yini lokhu? Ngizokwenza uBooth. Umalume wami uhi ungumbulali. Wenze izinto ezimangazayo.”

“Ubani uBooth? Angifuni ukwenza indaba ephathelene nokubulali!” kusho uL’indiwe.

“Akasilo lolu hlobo lombulali! Ungumbulali wasemuva weBafana Bafana,” kuhlaka uZama.

Baye ebhakeceni, lapho uNk’ Dlamini ayemamathelake khona lapho ethela isipuni esigcwele sesigaxa senhlama ezindishini zabo.

“Yini le?” kubuza uTebogo.

“Yi-papier-mâché,” kusho uNk’ Dlamini. “Ukuze uyenze ugaya amabhokisi amaganda, uxube namanzi, usawoti kanye noflawa. Manye yamini ngaphandle bese nenza isimo esithile ngocingo ukuze nenze umlingiswa wenu aphile.”

Bonke bashesha baphumela ngaphandle futhi babengasakwazi ukulinda ukuthi bagale. Bagobisa izingamu zezingcingo ukuze benze isimo somuntu.

“Ubani lona omenzayo?” kubuza uZama kuL’indiwe.

“UMama uKhulu! Mkhulu-u-u-lu ngale ndlela! Futhi unamandla kakhulu-u-u-lu. Uma kukhona abesilisa abazama ukumdelela endlini yakhe, ubathethisa ngezwi eliphakeme. Bese beyathula du.

Bayazi! Uma umenzela inkinga udonisa imvubu yakhe bese ekujaha ngayo! Ngizomenza abambelele edanda, kanyena.”

Bafaka izandla zabo ezindishini zabo base bekhona inhlama. Yayizwakala inamfuka futhi ixathukali Bayifaka ocingweni.



Back at school, Zama spiralled brown string round and round for the head and chest. She wound fatter rope over and over her long wire skeleton. She made muscled arms and legs. Later, at home, her granny found small scraps of yellow and green cloth. She helped Zama make Booth’s Bafana soccer kit.


Sebebuyele esikoleni, uZama wazungezisa intambo ensundu waphinde wayizungezisa futhi esimweni sakhe esivuhlaka olude locingo. Wazungezisa intambo etha ukuba nkulu waphindelela ekhanda nasesifubeni. Wenza izingalo nemilenze enezicubu. Makhathaleni, ekhaya, ugo go wakhe wathola iziqephu zendwangu enombala ophuzi noluhlaza okotshani. Wasiza uZama ukuthi enze ijazi lebhola likaBooth leBafana.

Lindiwe tied sticks together for Mama Khulu’s skeleton – they were smooth, curved and strong. She tied two old, scratched marbles into some stocking and wound them onto the chest stick. They became big, bouncy breasts. She put a round pebble inside another piece of stocking. Around it she twirled more old stocking, making the head. Then she squashed some bubble wrap into small balls. She balanced these carefully on the upper sides of the leg sticks to make hips. She wound more stocking around the hips. When she had finished, her figure looked just like Mama Khulu! Curvy, sturdy, strong!

ULindiwe wabopha ndawonye izinti ukuze enze uhlaka lwamathambo azoba yisimo somuntu sikaMama uKhulu – izinti zazibushelelezi, zigobile futhi ziqinile. Wabophela izimabuli ezimbili, ezindala ezikuhlekile kusitokhini wase ekubophela othini oluyisifuba. Zaba amabele amakhulu, anyakazayo. Wafaka itshe eliyimbulunga phakathi kwesinye isitokhini. Wazungezisa kulo esinye isiqephu sesitokhini esenza ikhanda. Wase epitshiza i-bubble wrap wayenza amabhola amancane. Wase ebeka lokhu ngokucophelela maphezulwana nemilenze ukuze enze izingqulu. Wase ezungezisa esinye isitokhini ezingqulwini. Uma eseqedile isimo sakhe somuntu sasibukeka njengoMama uKhulu! Siyisidudla esiqinile futhi esinamandla!







Wusuku lokugcina lwesikole.  
UMiss Merlon uqoka amashadi  
akhe nezithombe lapho ezwa  
umsindo onesasasa usondela  
eklasini lakhe.  
Sebelapha, bathule, banamahloni.


Ms Merlon's Christmas table is set for one. Between the salad and a small bouquet stands a plain frame with a photo of the Grade 5E learners holding a poster: *Happy Festive, Miss! Your our best teacher.* The present came with a Festive Gingerbread chocolate and a card from her naughty, noisy, laughing children. Ms Merlon laughs. Never mind the spelling error. She thinks it's the best gift she's ever received.

Itafula likaKhisimusi likaMiss Merlon lendlalelwe umuntu oyedwa. Phakathi kwesaladi nesitsha esincane esinezimbali kukhona i-frame enesithombe sabafundi baka-Grade 5E bephethe isithombe esikhulu esibhalwe ukuthi: *Amabolide Ammandi, Miss! Unguthisha wethu esithanda kakhulu.* Lesi siphosifike sihambisana noshokoledi we-Festive Gingerbread kanye nekhadi elivela ezinganeni zakhe ezigangile, ezinomsindo, ezithanda ukuhleka. UMiss Merlon naye uyahleka. Akunandaba ukuthi kunephutha ekupeleni kwabo. Lesi yisiphosihle kunazo zonke ake azithola.



A collective sigh. "Yhoooo, Miss. School's *mos* finished for the year," complains Shahida. "Don't you ever just relax?" She sounds cheeky but she has a friendly smile on her face. "Yes, I do," answers Ms Merlon kindly, "which is why I brought some things for you to read. It's the best way to clear your mind. Reading allows you to go somewhere else, some happy place filled with laughter, friends and family." "Laughter and family don't always go together." That's Carlo, who's brilliant at school, but his family doesn't seem to care very much about that. "So what you doing for the festive, Miss?" Kyle uses as few words as possible: auxiliary verbs, adjectives and compound nouns are discarded. Kyle believes in the generosity of others to fill in what is missing in his speech.

Njengoba unyaka uphela, isikhathi samaholide ashlobo sisondele ngokushesha. Ukuhlolwa sekuphelile ngakho izingane eziningi azisayi esikoleni, sezihlala emakhaya zidlale ama-game emakhompyutheni, yize zingakavalwa ngokomthetho izikole. Kodwa iningi lezingane zika-Grade 5E likhona esikoleni. Lezi yizingane ezigangile, ezinomsindo, ezithanda ukuhleka, eziphana amasemiji, ziwadle ziwashwabadele, kanti azinabo abanye abangane.







They run around the school grounds, ducking away from teachers who frown in the sunshine and shout at them to “get inside” the stuffy classrooms at the end of break. Grade 5E runs into Ms Merlon’s classroom as usual. “I’ve brought some books and magazines for you to read,” she says to the group of friends who are chattering about their plans for the summer holiday.

Zigijima zigcwale amagceke esikole, zicashela othisha abamemeza besinga elangeni bethi “buyelani emaklasini” acinene ngemva kwekhefu.

Njengenhhlala-yenza, u-Grade 5E uyagijima angene eklasini likaMiss Merlon.

“Nginiphathele izincwadi nomagazini enizobafunda,” etshela iqembu labangane abachwazayo bexoxa ngezinto abazozenza ngamaholide.



Kyle steps forward. He *would* be the spokesperson.

“For you,” he says holding out a clumsily wrapped package. While Ms Merlon struggles to say the words that fill her heart, Shahieda whips out a big container, spoons and saucers.

“Michelle made it,” she says, passing around generous helpings of cheesecake tart. “It’s supposed to have rum and raisin chocolate on top, but we like the butterscotch and almond slab more.”

And then they are gone again. But this time they leave behind the joy that comes from sharing. And the crumpled covered gift.

Asondele uKyle. Uyena *oxoba* umkhulumeli wabo.

“Okwakho,” esho elula isandla emnika imvulophu esongwe kabana. UMiss Merlon esaxakekile ukuthi uzokusho kanjani lokho okuchichima enhliziyweni yakhe, uShahieda ukhipha isitsha esikhulu, izipuni namasoso.

“Lenziwe uMichelle,” esho edlulisa izingcezu ezinkulu zecheesecake tart. “Bekufanele libe noshokoledi one-rum nama-raisins ngaphezulu, kodwa thina sithanda i-butterscotch ne-almond slab.” Emva kwalokho abasekho futhi. Kodwa kulokhu bashiye injabulo ebangelwa ukupha. Kanye nesipho esisongwe ngephepha elishwabene.



# Amakhadi ezilwane

Namathisela leli khasi ekhathonini bese usika ukhipha isithombe ngasinye ukuze ube nesethi yamakhadi okudlala. Beka amakhadi neziyalo endaweni ephephile ukuze udlale le midlalo nengane yakho lapho nifuna ukudlala.

- Thatha ikhadi elilodwa ngesikhathi bese ukhuluma nengane yakho ngaleso silwane. Buza: Yini igama laso ngolimi lwakini kanye nangolunye ulimi? Sikhala kanjani? Sihlalaphi? Sidlani? Ungangixoxela indaba ethile ngalesi silwane?
- Uma uqiniseka ukuthi ingane yakho iyasazi isilwane ngasinye, dlalani le midlalo:
  - Umdlalo wokuqagela:** Khetha ikhadi elilodwa kodwa ungayibonisi ingane yakho isithombe. Yithi: Ngicabanga ngesilwane esithile.... Yinikeze umkhondo ngaleso silwane, bese uyiyeke iqagele igama lesilwane okhuluma ngaso. Isibonelo: Lesi silwane sidla utshani futhi sisinikeza ubisi (inkomazi) noma, Yisilwane esikhulu kakhulu esiphuza amanzi ngomboko waso (indlovu).
  - Umdlalo wesigunku (snap):** Shova amakhadi ahlangelangane bese ubanika wona ebheke phansi ukuze umdlali ngamunye abe nenani elilinganayo lamakhadi. Ungawabheki amakhadi lapho uwathatha. Umuntu ngamunye uba nethuba lokubeka ikhadi libheke phezulu ngaphezu kwekhadi lomunye umdlali. Uma ikhadi lakho lifana nekhadi eliphezulu kuleyo nqwaba, yithi "SNAP!" Umuntu othi "SNAP!" kuqala, uwathatha wonke amakhadi akuleyo nqwaba. Umdlali onawo wonke amakhadi nguyi owinile.
  - Umdlalo wokukhumbula izinto:** Shova amakhadi ahlangelangane bese uwabeka abheke phansi ngemigqa, umugqa ngezansi komunye. Abadlali bayashintshana ngokuphendula amakhadi amabili abheke phezulu. Uma izithombe zifana, lowo mdlali uyawathatha lawo makhadi. Uma zingafani, uphinda awabhekise phansi amakhadi futhi umdlali olandelayo uphendula amakhadi amabili abheke phezulu. Umdlali onamakhadi amaningi nguyi owinile.

# Animal Cards

Paste this page on cardboard and then cut out each picture so you have a set of playing cards. Put the cards and instructions in a safe place so that you can play these games with your child whenever you want to.

- Take one card at a time and talk to your child about the animal. Ask: What is its name in your home language and in another language? What sound does it make? Where does it live? What does it eat? Can you tell a story about this animal?
- When you are confident that your child knows each animal, play these games:
  - Guessing game:** Choose one card but don't show your child the picture. Say: I am thinking of an animal ... Give clues about the animal, and let your child guess the name of the animal you are talking about. For example: This animal eats grass and gives us milk (a cow) or This is a very big animal that drinks water with its trunk (an elephant).
  - Snap game:** Shuffle the cards and hand them out face down so that each player has the same number of cards. Don't look at the cards when you pick them up. Each person has a turn to put a card face up on top of the other player's card. If your card is the same as the card on top of the pile, say "SNAP!" The person who says "SNAP!" first, takes all the cards in the pile. The player with all the cards is the winner.
  - Memory game:** Shuffle the cards and put them face down in rows one below the other. The players take turns to turn two cards face up. If the pictures match, the player keeps the cards. If they don't match, turn the cards face down again and the next player turns two cards face up. The player with the most cards is the winner.







# Isidlo sakusihlwa sikaMpungushe

NguGriselda Jacobs ■ Imifanekiso nguVian Oelofsen



Kwezakala ukuhewula okukhulu ehlathini njengoba uMpungushe ayevuka ebuthongweni obumnandi basebusuku.

"Lwaze lwahlule usuku," kusho uMpungushe. "Sanibonani, nonke bangane barni abancane nabakhulu," ebingelela ezinye izilwane. "Jabulelani ukushisa kwelanga namuhla. Khokhani umoya oqabulayo kakhulu. Cingani yonke indawo nize niithole ukudla okwehl'esiphundu," enezela ngezwi elinobungane.



Phela, uMpungushe wayezofaka esinye salezi zilwane kumenyu yakhe yokudla kwakusihlwa ngalobo busuku! Kodwa wanquma ukuba angadli lutho usuku lonke. Bese kuthi, ntambama, wayezolamba kakhulu bese eyaphuma eyozingela isiteki senyama esithi cosololo. Ekugcineni, wamezeza, "Jabulelani usuku, bangane! Sizophinde sibonane." Wathi ukuqhephuka kancane yinsini njengoba ayehamba.

UMpungushe wacula engawuvulile umlomo ingoma emnandi njengoba ayegijima eya emthonjeni wamanzi wezilwane. Amanzi ayecwebile futhi emtati. Waphuza amaningi kangangokunokwenzeka. Wabe esezitholela indawo azolala kuyo otshanini obude ngaphansi kwesihlahla esikhulu, esiluhlaza esinomthunzi omnandi.

UMpungushe waba nephupho elihle elimayelana nesidlo esimnandi ayezodla kamuva ngalolo suku. Ngokuqinisekile kwakuzoba yiqatha lenyama eyosiwe elikhulu kangangele Nkosi uBhubesi! UMpungushe wamamatheka kakhulu njengoba elele.

Ilanga laliyoshona lapho uMpungushe evuka ekuthatheni isihlwathi. Wazelula kaningi wakhipha ubuthongo emzimbeni wakhe olambile. Wabe esezamula izikhathi ezimbalwa ejimisa umhlathi wakhe ukuze akwazi ukuluma isisulu sakhe endaweni efanele.

"Manje-ke, sekuyisikhathi sokuba ngithole ukudla kwami kwakusihlwa," kusho uMpungushe. "Ngilambe njengempungushe, he-he-hee," wahleka kwaze kwashukuma umzimba.

Okwesikhashana, uMpungushe wayezibuza ukuthi kwakufanele ashone ngaphi. Ingabe kufanele aye ngokwesobunxele noma ngakwesokudla lapho efika ezihlahleni ezinde? Wabe esebona itshe eliyisicaba otshanini obufushane. Lalimpunga kolunye uhlangothi, futhi limnyama ngakolunye. "Ahaaaaa!" ememeza. "Ngizoliphonsa phezulu emoyeni itshe, futhi uma kuvela umbala ompunga ngizoya ngakwesobunxele kanti uma kuba ngomnyama, ngakwesokudla." Itshe lawela ngombala omnyama. Ngakho, ngaphandle kokulibala, uMpungushe wajikela ngakwesokudla lapho efika ezihlahleni ezinde. Wayegxuma eshona phansi naphezulu ngezidlala zakhe njengoba ayegijima edabula ezihlahleni.

Ngokushesha ngemva kwalokho, uMpungushe wabona lokho okwakuzoba yisisulu sakhe sokuqala – ugundwane omncane, ompunga wasesigangeni.

"Hhayi-khona, kuncane kakhulu lokhu," kucabanga uMpungushe. "Akwanele ngisho nokungivusele isifiso sokudla."

UMpungushe waqhubeka egijima, wabe esebona ijuba elimpunga-sakuba luhlaza

okwesibhakabhaka. Lalihleli phambi kwesihlahla esikhulu, lilokhu liqopholozela phansi ngomlomo walo, lifuna izibungu.

"Hmmm, mangikuyike naloku," kucabanga uMpungushe. "Kuncane kakhulu nakho, mina ngiyafa yindlala! Ngizoba nesineke. Ake sibone ukuthi yini engizoyithola emthonjeni wezilwane."

Njengoba uMpungushe ayesondela emthonjeni wezilwane, wahhewula ngenjabulo. Wacishe wazibhaqisa ngomsindo omkhulu kakhulu! Lapho, phambi kwakhe, wabona isimo esasingakholeki. Izilwane zalo lonke uhlobo nosayizi zaziphuza amanzi.

"Manje," kucabanga uMpungushe, "Kuzomele ngisebenzise ubuchule."

Wanyonyoba eya phambili ngobunono obukhulu wabe eselinda. Wayesekhasa kancane kancane aze acishe ahuqe phansi ngesisu. Kwakumele acophelele ngoba izilwane zikwazi ukuhogela iphunga kahle kakhulu futhi wayengafuni silwane esizombona. UMpungushe wadlula engxenyeni yokugcina yotshani obude. Kwakuthi akafe yinjabulo ngoba lapho phambi kwakhe, insephe esencane yayiphuza amanzi izolile.

"Yiy kanye engiyifunayo," kuhleba uMpungushe. "Manje sekusele nje leliya dwala elicijile emanzini acwebazelayo phakathi kwami nesidlo sami."

Njengoba uMpungushe egasela, wavala amehlo, wavula umlomo kakhulu futhi wathi ngqi waluma ngamandla. Kodwa ngaso lesi sikhathi, wantinyelwa yinyosi esihlokweni sekhalakhe.



"Aweeeeeee!" kuhhewula uMpungushe ezwa ubuhlungu. Ukuntinyela kwenyosi kwakubuhlungu kakhulu! Kodwa ubuhlungu obabusemphinjeni wakhe kwakubuhlungu ngisho nakakhulu. "Kuhubekani kanti? Inyosi ayingintinyelanga emphinjeni!"

UMpungushe wayeseqaphela ukuthi idwala elicijile lalibhajwe emphinjeni wakhe. Wayeyigijile insephe futhi wagwinya idwala esikhundleni sayo!

"Bekumele ngigcine amehlo ami evulwe!" wagguma ngokucasuka njengoba ayesuka ehamba umsila uqoshele phakathi kwemilenze yakhe.

Ngakolunye uhlangothi lomthombo wamanzi, zonke izilwane zazihleli zilandelana njengezibukeli ezikhokhile embukisweni. Zakujabulela kakhulu okwakwehlela uMpungushe. Zaqhephuka ngohleko. Ezinye kwezincane zazishaya ungqimphothwe yinjabulo.

"Itshe liwukudla kwakusihlwa!" kubhonga iNkosi uBhubesi, ethokoze kakhulu. "Kulokhu, uMpungushe ufunde isifundo esinzima!"

Ihlathi labe selihwaza njengoba zonke izilwane zazihleka kakhulu. Zahleka kwaze kwamazama umhlaba. Umhlaba wamazama kakhulu ngaphansi komzimba kaMpungushe kangokuthi itshe laphuma laqhasa emlonjeni wakhe. Izilwane emthonjeni wamanzi zezwa ukuhewula okukhalela phansi ebangeni elikude. Zonke zamamatheka zabukana, kwabe sekuphinda kuba nokuthula nokuzola ehlathini.

## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

- ★ Uzizwa kanjani ngalokho okwenzeka kuMpungushe? Ingabe uyamzwela noma cha? Ingabe ubuyozizwa ngendlela ehlukile ukube uMpungushe wayeyibambile insephe esencane?

- ★ INkosi uBhubesi uthi uMpungushe ufunde isifundo. Yisiphi isifundo ocabanga ukuthi uMpungushe usifundile?

- ★ Kwake kwadingeka yini ukuba wena ufunde isifundo esinzima? Wazizwa kanjani lapho ufunda lesi sifundo?



Drive your  
imagination





# Wolf's supper

By Griselda Jacobs ■ Illustrations by Vian Oelofsen



A loud howl echoed across the bushveld as Wolf woke up from a very good night's sleep.

"What a glorious day," said Wolf. "Good morning, all my little friends and all my big friends," he greeted the other animals. "You must enjoy the sunshine today. Take a deep breath of the fresh air. Search high and low until you find the juiciest food," he added in an overly friendly voice.



You see, Wolf was going to put one of the animals on his menu for supper that night! He decided to eat nothing all day. Then, in the afternoon, he would be very hungry and he would go on the prowl to hunt for a juicy piece of meat. Finally, he shouted, "Enjoy the day, friends! See you later." He gave a sly laugh as he walked away.

Wolf hummed a cheerful tune as he jogged to the animals' watering hole. The water was clear and cool. He drank as much as he could. Then he found a place to sleep in the lush grass under a large, green shady tree.

Wolf had a lovely dream about the delicious meal he would eat later that day. Surely it would be a piece of roasted meat just as big as King Lion's! Wolf smiled broadly in his sleep.

The sun was setting when Wolf finally woke up from his nap. He stretched and stretched and shook the sleep from his hungry body. Then he opened and closed his mouth a few times to exercise his jaw so that he would be able to bite his prey in just the right spot.

"Well, it's time to find my supper," Wolf said. "I'm as hungry as a wolf, hee-hee-hee," he laughed until his body shook.

For a moment, Wolf wondered in which direction he should go. Should he go left or right when he reached the tall trees? He noticed a flat stone in the soft grass. One side was grey, and the other side was black. "Ahaaaaa!" he shouted. "I will throw the stone up in the air, and then I will choose grey for left and black for right." The stone fell on black. So, without delay, Wolf turned right when he reached the tall trees. He bounced up and down on his paws as he jogged through the trees.

Not long after, Wolf spotted his first possible victim – a small, grey field mouse.

"No, it's too tiny," thought Wolf. "It's not even enough for an appetiser."

Wolf jogged further, and then he saw a blue-grey turtle dove. The dove was sitting in front of a big tree, pecking the soft ground and looking for worms.

"Mmmm, rather not," thought Wolf. "That is still too small, and I am very hungry! I'll be patient. Let's rather see what I can find at the watering hole."

As Wolf neared the watering hole he gave a happy howl. It was almost too loud! There, in front of his eyes, he saw a scene that seemed too good to be true. Animals of all shapes and sizes were drinking water.

"Now," thought Wolf, "I will have to be crafty."

He crept forward very quietly and waited. Then he slowly crawled even closer on his stomach. He had to be careful because animals can smell extremely well and he didn't want anyone to notice him. Wolf pulled himself along through the last stretch of tall grass. He was breathless with excitement because right in front of him, a young springbok was calmly drinking water.

"Just right," Wolf whispered. "Now it is only that sharp rock in the shiny water between me and my meal."

As Wolf pounced, he closed his eyes, opened his mouth wide and bit down hard. But at the very same moment, a bee stung him on the tip of his nose.



"Aaaawhooo!" Wolf howled in pain. The bee sting hurt so much! But the pain in his throat was even worse. "What is going on? The bee didn't sting me in my throat!"

Then Wolf realised that the sharp rock was stuck in his throat. He had missed the springbok and swallowed the rock instead!

"I should have kept my eyes open!" he groaned angrily as he trotted off with his tail between his legs.

On the other side of the watering hole, all the animals were sitting in a row like spectators who had paid for a show. They enjoyed every moment of Wolf's predicament. They roared with laughter. Some of the little ones rolled back and forth from pure pleasure.

"A stone for supper!" roared King Lion, highly amused. "This time, Wolf learnt his lesson the hard way!"

Then the jungle rumbled as all the animals laughed out loud. They laughed until the ground shook. The ground shook so much under Wolf's body that the stone came loose and shot out of his mouth. The animals at the watering hole heard a faint howl in the distance. They all smiled at each other, and then the bushveld was quiet and peaceful once more.

## Get story active!

- ★ How do you feel about what happened to Wolf? Do you feel sorry for him or not? Would you feel differently if Wolf had caught the young springbok?

- ★ King Lion says that Wolf has learnt a lesson. What lesson do you think Wolf has learnt?
- ★ Have you ever had to learn a tough lesson? How did you feel when you learnt the lesson?



# Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

## Nal'ibali fun



1.

Ngabe ungakwazi ukuthola amagama ahlobene namaholide ebhulokhini yokucinga amagama engezansi?

gubha      ngcebeleka      funda  
thokoza      jabula      phumula  
umndeni      amaholide      abelana  
abangani      dlala      izindaba

a	m	a	h	o	l	i	d	e	u	g
b	e	f	u	n	d	a	t	e	j	u
a	a	t	h	o	k	o	z	a	a	b
n	u	m	n	d	e	n	i	a	b	h
g	a	b	a	d	n	i	z	i	u	a
a	n	a	l	e	b	a	h	k	l	l
n	g	c	e	b	e	l	e	k	a	a
i	x	u	a	l	u	m	u	h	p	l
a	b	a	n	g	a	n	i	a	y	d

Can you find these holiday words in the wordsearch block below?

celebrate      fun      read  
enjoy      happy      relax  
family      holidays      share  
friends      play      stories

a	r	p	r	e	l	f	r	r	i	p
c	e	l	e	b	r	a	t	e	c	e
f	a	a	c	h	s	m	e	l	l	b
r	d	y	h	o	l	i	d	a	y	s
i	f	u	n	d	g	l	s	x	h	j
e	n	j	o	y	i	y	h	k	a	l
n	m	p	r	u	q	w	a	t	p	l
d	x	u	y	s	z	t	r	v	p	p
s	t	o	r	i	e	s	e	a	y	u

2.

Zingaki izindaba?

Bheka imifanekiso engezansi. Yakha indaba esekelwe kuyo yonke noma kweminye yale mifanekiso. Ungaxoxela umndeni indaba yakho noma abangane noma uyibhale phansi ukuze ukwazi ukuyifundela abanye ngokuzwakalayo kamuva.

1. Nquma ukuthi yimuphi umfanekiso ofuna ukwusebenzisa ukuqala indaba yakho.
2. Yibe usubheka eminye imifanekiso futhi unqume ukuthi uzoyisebenzisa ilandelana kanjani.
3. Manje, bhala noma uxoxe indaba yakho ngokusebenzisa imifanekiso kanye nomcabango wakho.
4. Ungakha izindaba eziningi ezihlukahlukene ngokushintsha indlela imifanekiso oyisebenzisayo elandelana ngayo, imiqondo onayo kanye nendlela oyihlanganisa ngayo endabeni!
5. Ungakhohlwa ukuqamba isihloko esimnandi sendaba yakho.

How many stories?

Look at the pictures below. Make up a story based on all or some of these pictures. You could tell your story to family or friends or write it down so that you can read it aloud to others later.

1. Decide which picture you want to use for the start of your story.
2. Then look at the other pictures and decide in what order you could use them.
3. Now, write or tell your story by using the pictures and your imagination.
4. You can create many different stories by changing the order in which you use the pictures, the ideas you have and how you weave them together into a story!
5. Don't forget to give your story an interesting title.



Sizothatha ikhefu kuze kufike isonto lomhla **zingama-27 kuMasingana kowezi-2023**. Hlanganyela nathi ngaleso sikhathi ukuze uthole umlingo wokufunda owengeziwe kaNal'ibali!

We will be taking a break until the week of **27 January 2023**. Join us then for more Nal'ibali reading magic!



UNal'ibali ulapha ukukukhuthaza nokukusekela. **Sithinte** noma kungeyiphi yalezi zindlela: Nal'ibali is here to motivate and support you. **Contact us** in any of these ways:

[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)

[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)

[nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://twitter.com/nalibaliSA)

[@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)

[info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org)

Produced by The Nal'ibali Trust. Translation by Mosekela Solutions. Nal'ibali character illustrations by Rico.

UMLAZI  
EYETHU

EASTERN CAPE  
RISING SUN

POLOKWANE  
OBSERVER



Drive your  
imagination